

## Letter dated 1 October 1889

|                        |                                                                                                                                                                                                                                               |
|------------------------|-----------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------------|
| Archive:               | Pietermaritzburg Archives Repository                                                                                                                                                                                                          |
| Letter reference:      | A204 Colenso Collections, Magera Papers, vol. 104, Letters dispatched 1885-1889                                                                                                                                                               |
| Letter date:           | 1 October 1889                                                                                                                                                                                                                                |
| From:                  | Magera Magwaza. Etshowe.                                                                                                                                                                                                                      |
| To:                    | Nkosazana                                                                                                                                                                                                                                     |
| Other details:         | Hand-written, in isiZulu                                                                                                                                                                                                                      |
| Transcriber's note(s): | Etshowe is in Zululand. Nkosazana referred to is Harriette Colenso.                                                                                                                                                                           |
| Letter contents:       | Magera Magwaza thanks Harriette Colenso for the cheque of £4. Reports that Tshanibezwe's mother was sick and taken to a sangoma who told that she was made sick by Mpande and Cetshwayo who were enquiring about the whereabouts of Dinuzulu. |

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

Etshowe, Oct. 1. 1889

Nkosazana

Eyako owayiloba ngo 27 lwenyanga edhlulileyo ngiyamukele kahle, pakati kukona i cheque £4, ipete futi izifanekiso lapo kukona nesako uqobo – ibuza futi ukuti uMashiqela no Mr Mansel sebakha nje na, – ibuza futi umlobokazi owafika namazwi apete uMnyamana. Ngiyabonga, nkosazana, ikakulu ngemali ongisize ngayo ngipepe emhlabeni.

Kuqala ake ngikulandise indaba yokwenza kuka Mnyamana ngomlomo ka Ndabambi ka Luhungu ofike kutangi epuma oSutu. Umlobokazi lowo ofikileyo ngitsho umka'Somcuba owafika nayo le'ndaba. Uti uNdabambi:- Ngangilishaziswe ngumlobokazi ukuba ngitole lendaba yokuza kuka Mnyamana, ngize ngipatele abaNtwana lawomazwi. Ngoba uMnyamana ubetume abantu bake ngas'emHlatuze kumlungu otila ahlalene naye. Kepa umlungu lowo wabatshele labo bantu ukuti icala selizaunqunywa, izwe lizaubuyela [kuye?] uDinuzulu. Wamtshele wati icala [limpate?] uMnyamana kakulu, kungaba kuhle ~~abuy~~ aye [kwonka'nkosi?][word cut off]. Kwapinda kwagula unina ka Tshanibezwe, kwayiwa enyangeni yokubula, yati uguliswa ^ama^kosi (Mpande no Cetshwayo) abuya ukuti yini ukuba uMnyamana abe lapa na? Upi uDinuzulu na? Lezo'ndaba zombili zenza ukuba uMnyamana abute amadoda omuzi wake, awalandise. Kwabizwa uKilane induna [wehluleka?] naye. Kepa uKilane wati "Ungazenzela ngobudoda bako, noma uya, noma ungayi, njengobuqili bokuhamba kwako. Amadoda ati "Asivumi ukuba uye, ngoba sanqatshelwa nguwe ukuba siye oSuthu mhlana [kukwa?] Ndunu; besizavuma ukuya ukuba nati sasiyile kwaNdunu: sesinamahloni okuya namhlanje". Ngalo [uMnyamana?] wahluleka emva kwamalanga amatatu kukulunywa leyo'ndaba. Mina, 'Ndabambi, onke la'mazwi ngiwezwile kumlamu wami uMjobo [kaTiki or kaJiki] owabekona lapo kulelo'bandhla, ngawezwa futi ku' Mhlazana kaMalungwana ohlezi kona kwo Mnyamana, naku'mfazi wami intombi [kaTiki or kaJiki]. Namhlanje uMnyamana nesizwe sake sebhlolele ukutetwa kwecala, kuze kuti uma limtetele uDinuzulu, ebuyiswa, babaleke baye ku Mkungo."

Kepa, nkosazana, bengitembisile ukukuluma namapolisa abe ehambile noMashiqela, angikalitoli ituba lokubonana nawo. Engikuqinisayo ngokufunga yiloku kodwa kwokuti,

uFunwayo induna ka Zibebu wab'ehambile epelezela uMashiqela emtshenisa [emtshengisa] indhlela yokuya emaTongeni. Ufakazi nguNyosana kaMadwala owambona ukuhamba kwake lapa. Kus'obala ukuti uFunwayo lowo, ey'induna, wahamba nabo abantu [labo?] futi lelo'zwi lokuti uZibebu wahlasela kuNcamane noSibonda ezipindisela li amanga, lenzelwa ukusiza uZibebu nje. Ngaloko-ke kawaqinisile amazwi lawo endun'enkulu kulezo'nhlamvu kuMr Bradlaugh (Times, Sept. 27, 1889).

Wena, nkosazana, ubuzile ukuti sowafika uMashiqela noMr M. na? Yebo, kade bafika [nje?ngokwami] encwadini engakulobela yona ngati [word cut off] bayakufika ngomsombuluko. Kutiwa amaTong[?] lawo atela kahle, kodwa uSambane waxwaya kakulu ebona bantu baka'Zibebu wati "Yini ukuba ufike nempi esibulalayo ka'Zibebu ungasitshelanga kuqala ukuti uyeza'kutelisa na?" Wabalekisa izinkomo nesifazana kwakupuka intaba. Washiywa engatelanga.

Namhlanje uDinuzulu ufundile kahle [kimi] ngokujabula. Noyise bobabili bahlezi [batokozile?] sonke sisapilile. Magema Magwaza

#### LEGEND:

^ ^ insertion

[ ? ] incomplete, illegible word(s)

[ ] notes/words by transcriber, not part of correspondence

#### TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.

Student, MA in Historical Studies, UCT.